ZULU

sassa

SOUTH AFRICAN SOCIAL SECURITY AGENCY

Wena Nesibonelelo sakho 2019/20

Leli **ikhadi Elisha lakwa SASSA**

paying the right social grant, to the right person, at the right time and place. NJALO!

www.sassa.gov.za 0800 60 10 11

Okuqukethwe

- Isethulo
- Izinhlobo zezibonelelo
- Yini oyidingayo ukuze ufake isicelo
- Usenza kuphi isicelo yesibonelelo
- Usuku lokuvunywa kwesicelo
- Isicelo esingaphumelelanga
- Izindlela zokukhokhelwa
- Ukumiswa kwesibonelelo
- Ukubuyiselwa kwesibonelelo
- Izizathu eziyinqala zokunqamuka komxhaso
- Ukuhlaziya
- Isibanelelo sabasosizini (Social Relief of Distress)
- Inani Lemixhaso
- Uhlu Lwamakheli

Isethulo

Usizo Lukahulumeni lokulwa nobubha (Social Assistance) liwukudluliswa kosizo ngendlela yezibonelelo (grants). Kusukela mhla zingu 01 Mbasa 2006 izibonelelo zika kahulumeni zikhokhwa i-South African Social Security Agency (SASSA) okuwuphiko luka hulumeni olubhekelele ukubhaliswa nokukhokhwa kwezibonelelo.

I-SASSA uPhiko lomphakathi ka-section 3A, egxile ekuqinisekeni ukuthi uhulumeni ukhokha isibonelelo esifanele, kumuntu ofanele, endaweni okuyoba lula kumuntu ukufinyelela kuyo, ngesikhathi esifanele. NJALO.

Izinhlobo zezibonelelo

- Isibonelelo sabantu abadala
- Esokukhubazeka
- Esomakade ebona empini
- Esezintandane
- Esabantwana
- Isibonelelo esinguchatha(grant in aid)
- Isibonelelo sabasosizini(social relief)
- Isibonelelo sezingane eziphila nokukhubazeka

Izimfanelo ezenza Umuntu athole isibonelelo

Izibonelelo zikahulumeni

Isibonelelo sabantu abadala

Umenzi wesicelo:

- kumele abe yisakhamuzi saseNingizimu Afrika / isakhamuzi esihlezi unomphela kuleli
- kumele abe yisakhamuzi eNingizimu Afrika;
- Uma kungowesilisa kumele abe neminyaka engu 60 kuyaphezulu;
- Uma kungowesifazane kumele abe neminyaka engu 60 kuyaphezulu;
- futhi umlingani womshado kumele avumelane nemithetho yezidingo yesivivinyo salokho anakho;
- akumele abe ngumuntu owondliwa noma osizwa yiNhlangano kaHulumeni;
- akumele abe ngumuntu othola esinye isibonelelo esiqondene naye ngqo
- Umazisi unamagabelo

Isibonelelo sabaphila nokukhubazeka

Umenzi wesicelo:

- kumele abe yisakhamusi saseNingizimu Afrika / isakhamuzi esihlezi unomphela kuleli noma umbaleki;
- kumele abe yisakhamuzi saseNingizimu Afrika;
- Kumele ube neminyaka engu 18 kuya kwengu 59;
- kumele ethule umbiko wabezokwelapha / wokuhlolwa kwempilo yakhe oqinisekisa ukukhubazeka anakho;
- Ukuhlolwa kwezokwelashwa akumele kube ngaphezu kwezinyanga ezingu-3 kusukela osukwini lokwenziwa kwesicelo.
- kanti nomlingani naye kumele ahlangabezane nalezi zidingo zesivivinyo salokho anakho;
- akumele abe ondliwa noma enakekelwa yiNhlangano kaHulumeni;
- akumele abe ethola esinye isiboneleo sikahulumeni sokumnakekela

Isibonelelo Somakadebona empini

Umenzi wesicelo:

- kumele abe yisakhamuzi saseNingizimu Afrika / isakhamuzi esihlezi unomphela
- kumele abe eyisakhamuzi esihlala eNingizimu Afrika;
- kumele abe neminyaka engu-60 nangaphezulu noma abe ngokhubazekile;
- kumele abe ngowalwa eMpini Yezwe Yesibili noma eMpini yaseKorea;
- umlingani naye kumelwe ahlangabezane nezidingo zesivivinyo salokho anakho;
- akumele abe wondliwa noma enakekelwa yiNhlangano kaHulumeni; futhi
- akumele abe ethola esinye isibonelelo sikaHulumeni sokumnakekela

Isibonelelo Sezintandane

- umenzi wesicelo nomntwana kumele babe yizakhamuzi zaseNingizimu Afrika;
- isinqumo senkantolo esibonisa isimo sokunakekelwa ngusingamzali;
- usingamzali kumele abe yisakhamuzi saseNingizimu Afrika, isakhamuzi esihlezi unomphela noma umbaleki.
- Umntwana kumele ahlale ngaphansi kokunakekela kukasingamzali (osingamzali)
- Umzali kumele alethe umazisi onamagalelo
- Kumele ulethe isifiketi sokuzalwa somtwana

Isibonelelo sezingane eziphila nokukhubazeka (Care Dependancy Grant)

- Umenzi wesicelo kumele abe yisakhamuzi saseNingizimu Afrika noma isakhamuzi esihlezi unomphela;
- umenzi wesicelo nomntwana kumele babe yizakhamuzi zaseNingizimu Afrika;
- ubudala bomntwana kumele bube ngaphansi kweminyaka engu-18;
- kumele ethule umbiko wabezokwelapha / wokuhlola impilo yakhe oqinisekisa ukuthi ukhubazeke kakhulu;
- umenzi wesicelo nomlingane wakhe kumele bahlangabezane nezidingo zesivivinyo salokho anakho (ngaphandle kosingamzali);
- ingane/izingane ezincike kwabathile akumele zibe ngabantu abanakekelwa unomphela eNhlanganweni kaHulumeni;

Okubalulekile: Umholo wosingamzali ngeke ufakwe ohlwini lwezimfanelo zokunqu-nyelwa ukuthola isiboneleo (means test).

Isibonelelo sabantwana

- umnakekeli oyinhloko kumele kube yisakhamuzi saseNingizimu Afrika noma isakhamuzi esihlezi unomphela kuleli;
- bobabili umenzi wesicelo nomntwana kumele babe ngabahlali eNingizimu Afrika;
- umenzi wesicelo kumele abe ngumnakekeli oyinhloko yengane/ yezingane ezithintekayo;
- Ingane noma izingane kumele zizalwe usudlulile umhlaka 31 December 1993;
- umenzi wesicelo nomlingani wakhe kumele bahlangabezane nezidingo zesivivinyo salokho anakho;
- isicelo asinakwenzelwa abantwana abangaphezu kwabayisithupha abangebona abazalwa ngumzali
- Umntwana akumele abe enakekelwa yinhlangano kahulumeni.
- kumele kuqapheleke ukuthi inhloso ngqangi yesibonelelo sabantwana ukuqiniseki ukuthi abantwana baya esikoleni, ngakhoke kuwumbandela ukuthi abantwana abane-minyaka ephakathi kuka 7 kuya ku 18 balethe futhi baveze ubufakazi bokuthi bayaya esikoleni (iriphothi)

Isibonelelo esinguchatha (Grant-in-aid)

- Umenzi wesicelo kumele abe ethola isibonelelo sabantu abadala, esokukhu-bazeka noma esomakade ebona empini , futhi kudingeka abe enakekelwa ngoku-gcwele ngumuntu othile kuye ngoku khubazeka kwakhe ngokomzimba noma ngokwengqondo;
- akumele abe enakekelwa yinhlangano ethola ukuxhaswa nguMbuso ukuze kunakekelwe/kuhlaliswe lowo mtholi wesibonelelo;

Isiqinisekiso Sikamazisi

Abenzi bezicelo abangenawo Umazisi onama-gabelo anezinombolo ezingu-13, noma isitifiketi sokuzalwa kubantwana ababanda-kanyekayo esicelweni basengasenza isicelo sesbonelelo. Sicela uthole ukwaziswa ehhovisi eliseduze nawe lakwa-SASSA ngezinye izincwadi ezamukelekayo zezicelo zezibonelelo.

Usenza Kuphi Isicelo sesibonelelo?

- Wenza isicelo ehhovisi le-SASSA eliseduze nalapho uhlala khona;
- Uma usumdala kakhulu noma ungeke ukwazi ukuya ehhovisi ukuyokwenza isicelo ngenxa yokugula, ilungu lomndeni noma umngane angakwenzela isicelo;
- Ifomu lakho lokwenza isicelo liyogcwaliswa phambi kwamabhalane wakwa-SASSA;
- Lapho isicelo sakho sesigcwalisiwe uzonikezwa irisidi;
- Gcina leli risidi - liyisiqinisekiso okuwukuphela kwaso onaso sokwenziwa kwesicelo;
- Ayikho imali ekhokhwayo uma ubhalisa umxhaso;
- Uma isicelo sakho singaphumelelanga, kumele waziswe ngokubhalelwa ukuthi kungani isicelo sakho singazange siphumelele;
- Uma unganelisekile ngomphumela wesicelo sakho, unelungelo lokucela i-SASSA ukuba isibuyekeze isinqumo sokungaphumeleli kwesicelo sakho zingakapheli izinsuku ezingu 90 uthole umphumela. Uma isicelo sakho singakwenelisanga ngisho usufake isicelo sokubuyekezwa, Unelungelo lokusidlulisela KuNgqongqoshe kazwelonke woMnyango wokuthuthukiswa Komphakathi.

Usuku Lokukhokhwa Kwezibonelelo

Uma isicelo sakho siphumelelile, uzokho-khelwa kusukela osukwini owafaka ngalo isicelo. Kepha uma ufake isicelo sesibonelelo sezintandane uzokhokhelwa kusukela ngosuku inkantolo eyaganyazwa ngalo isicelo sokuba usungumzali.

Uma Isicelo Sakho Singaphumelelanga

Uma isicelo sakho singaphumelelanga kumele waziswe ngokubhalelwa izizathu eziholele ekungaphumelelini kwesicelo sakho. Unelungelo lokufaka isicelo soku-buyekezwa komphumela wesicelo sakho kanye nelungelo lokudlulisela isicelo sakho Kungqonqoshe kazwelonke woMnyango Wokuthuthukiswa Komphakathi.

Izindlela Zokukhokhelwa

Uma isicelo sakho siphumelela uzonikezwa ikhadi lokuhola lakwa SASSA lelikhadi ukwazi ukulisebenzisa ukothola isibonelelo sakho.Unga tholaisibonelelo sakho ngalezi zindlela ezilandelayo:

- Ngokukhokhelwa ukheshi ezindaweni zokukhokhelwa ezikhethiwe
- Ngamabhange ahlanganisa ne-Postbank
- Ngezinhlangano ezithileOkubalulekile: Uma ungakwazi ukuzozilandela mathupha imali, ungase ukhethe ozokumela ukuba azokulandela.

Ukunqanyulwa kwesibonelelo

Kungase kwenzeke lokhu okulandelayo lapho kumiswa isibonelelo:

- ukushintsha kwezimo (ezezimali noma ezokwelashwa);
- umphumela wohlaziyo;
- ukwehluleka ukubambisana nophiko lwezibonelelo lapho isibonelelo sihlaziywa;
- ukwenza isenzo sokukhohlisa noma ubugebengu
- Lapho isicelo savunywa khona kungafanele

Ukuvuselelwa Kwesibonelelo

Uma kwenzekile isibonelelo sakho sanqa-nyulwa kumele ufake isicelo sokusivuse-lela zingakuphel.Izinsuka ezingu -90 kusukela ngosuku esanqanyulwu ngalo.

Izizathu Ezinqala Zokunqanyulwa Kwesibonelelo

- ukufa;
- ukuyonakekelwa yiNhlangano kaHulumeni;
- uma imali ingalandwa izinyanga ezintathu (3) zilandelana;
- uma inkathi yokukhubazeka kwesikhashana iphela;
- ungekho eRiphabhuliki;
- Uma uyeka ukuba ngumbaleki eNingizimu Afrika(umxhaso wokukhubazeka nowezingane ezinakekelwa ngosingamzali kuphela)

Ukuhlaziya

Kumele wazise nganoma yimuphi umholo owutholayo lapho wenza isicelo. Lokhu kuzokwakha isisekelo i-SASSA ezonquma ngaso ukuthi umxhaso wakho uhlaziywe yini noma cha. Uzokwaziswa ezinyangeni ezintathu (3) kusengaphambili ngosuku lokuhlaziywa noma usuku ukumele kuzoqinisekiswa ukuthi usaphila ngempela.

Isiqinisekiso sokuthi usaphila (Life certification)

Uma kukhona okuholelayo noma uhola ngaphandle kokusebenzisa isithupha esikhungweni kumele uvakashele amahhovisi akwa-SASSA ukuqinisekisa ukuthi ngempela usaphila. Lokhu kumele ukwenze kanye ngonyaka. Sizokwazisa ukuthi kumele uze nini emahhovisini ethu.

Isiboneleo sabasosizini (Social Relief of Distress)

Isiboneleo sabasosizini okwesikhashana loluhlelo oluhloselwa abantu abasezimweni ezinzima kakhulu kangangokuthi abakwazi ukuhlangabezana nezidingo eziyisisekelo zokunakekelwa kwemindeni yabo.Izibonelelo zabasosizini ikhokhelwa izakhamuzi zase-Ningizimu Afrika noma izakhamuzi ezihlezi unomphela kuleli, abangenazo izidingo ezanele zokuhlangabezana nezidingo noma ezengeziwe kulezi ezilandelayo:

- Umenzi wesicelo ulindele ukugunyazwa kwesicelo sakhe;
- Umenzi wesicelo utholakale engaphilile ngokwezokwelashwa ukuba enze umsebenzi wokuziphilisa inkathi engaphansi kwezinyanga ezingu-6;
- Akukho sondlo asitholayo esivela kumzali, ingane noma umlingane obophekile ngokomthetho ukuba akhokhe isondlo, futhi kuye kwanikezwa isiqinisekiso sokuthi imizamo yokusithola leso sondlo ayizange iphumelele;
- Umondli usashona futhi isicelo senziwe phakathi nezinyanga ezintathu kusukela osukwini lokufa kwakhe;
- Umondli womndeni walowo muntu uye wayiswa enhlanganweni ethile Ekhokhelwa ngumbuso (ijele, isibhedlela sabagula ngengqondo, ikhaya lombuso elinakekela asebekhulile noma isikhungo sezokwelashwa)
- Umenzi wesicelo uye wakhinyabezwa yinhlekelele njengoba kuchazwe eMthethweni Wokuphathwa Kwezinhlekelele, ka-2002
- Akukho lusizo umuntu aluthola kunoma iyiphi inhlangano, noma
- Ukwenqatshwa kwesicelo sesibonelelo sokubonelelwa kwabasosizini kuzobangela ubunzima obungaphezu kokwenza.

Isikhathi esibekelwe isibonelelo sabasosizini

isibonelelo sabasosizini sikhishwa nyanga zonke inkathi engengaphezu kwezinyanga ezintathu (3). Kungase kube khona ukwandiswa kwale nkathi ngezinye izinyanga ezintathu (3) ezimweni ezingavamile.

Okubalulekile: Akukho muntu othola isibonelelo si kahulumeni ongase athole isibonelelo sabasosizini ngesikhathi esifanayo. Noma ngubani othola zombili izibonelelo/ izimpesheni, ekahulumeni neyokubonelelwa kwabasosizini kumele abuyisele impesheni yokubonelelwa kwaba-sosizini ayitholile. Lena ingase idonswe emuholweni azowukhokhelwa ngokulandelayo.Njengo mtholi wesibonelelo ulindeleke ukugcina i SASSA yazi ngezinguquko ezimweni zakho zempilo kanye nokushintsha kwekheli.

Indlela yokuziphatha yomtholi wesibonelelo

Kuwumbandela ukuthi umtholi wesibonelelo azise i-SASSA ngoshintsho esinweni sakhe sempilo nesezimali. kuphoqelekile ukuthi umtholi wesibo-nelelo asukumele phezulu uma kunezincwadi ezicela ukuba enze okuthile mayelana nesibonelelo sakhe.

Ukukhwabanisa

I-SASSA ayizibekezeleli nhlobo izenzo zokukhwabanisa.

Siyini Isivivinyo Salokho Umuntu Anakho noma akuholayo

ENingizimu Afrika izibonelelo zikahulumeni ihambisana nesivivinyo salokho umuntu anakho okusho ukuthi i-SASSA ihlola umholo nempahla yomuntu owenza isicelo sesibonelelo ukuze athole ukuthi lezo zinto zalowo muntu zingaphansi kwesilinganiso esinqunyiwe yini. Lokhu kusho ukuthi isivivinyo siyindlela yoku-nquma ukuthi lowo muntu uyakufanelekela yini ukuthola isibonelelo njengoba i isibonelelo sihlo-selwe kuphela labo bantu abadla imbuya ngothi. Isivivinyo salokho umuntu anakho siyahlukahluka kuye ngesibonelelo.

Qaphela: Inani lezibonelelo zobudala, omakadebona empini nabaphila nokukhubazeka alifani. Uma kukhona enye imali oyithola eceleni inani lesibonelelo okumele usithole lizoncipha.

Isilinganiso Sempahla Nemiholo

Isilinganiso Sempahla	Kusukela ngomhla ka-01 Umbasa 2019
(Imixhaso yabantu abadala, ukukhubazeka, kanye nomakadebona kwezempi kuphela)	
Umuntu ongashadile	R 1 174 800
Umuntu oshadile	R 2 349 600
Isilinganiso semiholo (Amanani Aminyaka Yonke)	
Umuntu ongashadile	R 82 440
Umuntu oshadile	R 164 880
Isibonelelo sabantwana	
Isibonelelo sabantwana: (Umuntu ongashadile)	R 50 400
Isibonelelo sabantwana(Umuntu oshadile)	R 100 800
Isibonelelo sezingane eziphila nokukuhzeku	
Isibonelelo sezingane eziphila nokukhubazeka (Umuntu ongashadile)	R 213 600
Isibonelelo sezingane eziphila nokukhubazeka (Umuntu oshadile)	R 427 200

Amanani Ezibonelelo

Uhlobo lwesibonelelo	Imali ekhokhwa kusukela ngomhla ka - 01 Umfumfu 2018	Imali ekhokhwa kusukela ngomhla ka - 01 Umbasa 2019	Imali ekhokhwa kusukela ngomhla ka - 01 Umfumfu 2019
Isibonelelo sabantu abadala	R 1 700.00	R 1 780.00	
Isibonelelo abadala abaneminyaka edlula ku 75 years	R 1 720.00	R 1 800.00	
Isibonelelo sabaphila nokukhubazeka	R 1 700.00	R 1 780.00	
Isibonelelo somakadebona kwezempi	R 1 720.00	R 1 800.00	
Isibonelelo esingu chatha(Grant-in-aid)	R 410.00	R 420.00	R 430.00
Isibonelelo sabantwana	R 410.00	R 420.00	R 430.00
Isibonelelo sezintandane	R 960.00	R 1000.00	
Isibonelelo sezingane eziphila nokukhubazeka	R 1 700.00	R 1 780.00	

CONTACT DETAILS

SASSA HEAD OFFICE

SASSA HOUSE
501 Prodinsa Building
Cnr Steve Biko & Pretorius
Pretoria
Private Bag X55662
Arcardia,
Pretoria 0083
Tel: 012 400 2000 (Switchboard)

EASTERN CAPE

SASSA Office
BKB Building
Cnr Fitzpatrick& Merino
Road Quigney
East London
Private Bag X9001
Chiselhurst
East London 5200
Tel: 043 707 6300
Fax: 043 707 6481

FREE STATE

Iustitia Building
Cnr St. Andrews Street &
Aliwal Street
Private Bag X20553
Bloemfontein 9300
Tel: 051 410 8339

WESTERN CAPE

Golden Acre
Adderley Street
Cape Town 8001
Private Bag X9189
Cape Town 8000
Tel: 021 469 0200
Fax: 021 469 0260

LIMPOPO

43 Landros Mare Street
Polokwane 0699
Private Bag X9677
Polokwane 0700
Tel: 015 291 7400
Fax: 015 291 7996

MPUMALANGA

18 Ferreira Street
Nelspruit
Private Bag X11230
Nelspruit 1200
Tel: 013 754 9380
Fax: 013 754 9501

NORTH WEST

1st Industrial Site
Mahikeng 2735
Private Bag X44
Mmabatho,
Tel: 018 397 3386

KWAZULU NATAL

1 Bank Street
Pietermaritzburg 3201
Private Bag 9146
Pietermaritzburg 3201
Tel: 033 846 3300
Fax: 033 846 9595

NORTHERN CAPE

95-97 Du Toit Span Road
Kimberly 8300
Private Bag X6011
Kimberely 8300
Tel: 053 802 4900
Fax: 053 832 5225

GAUTENG

28 Harrison Street
Johannesburg 2000
Private Bag X120
Marshalltown 2107
Tel: 011 241 8300
Fax: 011 241 8305

REPUBLIC OF SOUTH AFRICA